



ITHUTHUKISWE
NGOKUBAMBISANA
NE DURBAN COALITION

UHLELO LWABANTU

Iwelungelo lokuba

NEZINDLU


ngesikhathi

SOKUGUQUKA

KWESIMO

SEZULU

ETHEKWINI 2024



THE DURBAN COALITION

Civil Society Working Together

**UHLELO
LWABANTU**
Iwelungelo lokuba
NEZINDLU
ngesikhathi
**SOKUGUQUKA
KWESIMO
SEZULU**
2024

Lolu Hlelo lwaBantu lubhekiswe kuwo wonke umuntu kanye nabathandiweyo babo abalahlekelwa yizimpilo zabo ngesikhathi sezikhukhula zika-Ephreli 2022, nakubo bonke abantu abaye bazabalaza, futhi basaqhubeka nokuzabalazela ubulungiswa, isithunzi kanye nelungelo labo lokuhlala endaweni enemphilo, nephephile eNingizimu Afrika.

By the Durban Coalition
thedurbancoalition@gmail.com



CONTENTS

- PG. 4 — **1.0** KUNGANI SIDINGA UHLELO LWABANTU MANJE
- PG. 5 — **2.0** UKWAMUKELA INDLELA ENTSHA YEZINDAWO ZOKUHLALA: UKUBUYEKEZWA KWE-IDP NGOWE-2025/2026
- PG. 7 — **3.1** UHLELO LOKUQALA: IZINHLELO ZOMNYANGO KANYE NOHLAKA LOKUBUSA
- PG. 9 — **3.2** UHLELO LWESIBILI: UKUQINISA UKUMELANA NESIMO SEZULU EZINDAWENI ZOKUHLALISWA KWABANTU
- PG. 13 — **3.3** UHLELO LWESITHATHU: ABANTU ABANGENANDAWO NOKUHLALISWA KWABANTU EDOLOBHENI
- PG. 15 — **3.4** UHLELO LWESINE: IZINDLELA ZIKAMASPALA ZOKWANDISA ILUNGELO LOMHLABA NELUNGELO LENDAWO YOKUHLALA EYANELE
- PG. 18 — **4.0** UKWENZA UKUTHI UHLELO LWABANTU LWENZEKE: UKUQALISA UKUSEBENZA, UKUQAPHA, UKUHLOLA, NOKULAWULWA KOLWAZI



1.0 KUNGANI SIDINGA UHLELO LWABANTU MANJE

Imiphumela yokuguquka kwesimo sezulu ayiselona ingomusa eliqagelwayo. Kuyanda ukuthi abantu edolobheni lakithi eThekwini babhekane nezimo ezinzima ezihlobene nokuguquka kwesimo sezulu. Lezi zehlakalo (ezibandakanya izikhukhula, iziphapho, isivuvu sokushisa kanye nesomiso) zibeka engcupheni yonke into ephilayo edolobheni, kuhlangukisa izilwane kanye nezitshalo. Ososayensi bagcizelele ukuthi ngenxa yosopolitiki kuwowonke amazwe abangafuni ukuhlangabezana nokufanele bakwenze mayelana nesimo sezulu lokhu kusho ukuthi kumele kugxilwe emizamweni yokuthola izindlela zokuphila emhlabeni oshisa weqe izinga lokushisa lika 1.5° Celsius ezweni jikelele.

Kule minyaka embalwa edlule, izikhukhula ezihlasele uMasipala waseThekwini ngenxa yokuguquka kwesimo sezulu ziholele ekufeni kwabantu kanye nomonakalo omkhulu kwingqalasizinda yasedolobheni. NgoJuni kowe-2024, inkanyamba yaso Tongaat yenza umonakalo omkhulu emakhaya. Ngo-Ephreli kowe-2022, babalelwa kuma-461 abantu abafa ezinsukwini ezintathu ngenxa yezikhukhula ezimbi kakhulu. Umonakalo owenzeka kwingqalasizinda yokuthutha indle kanye nakwingqalasizinda yamanzi kwenza imifula yethu nolwandle kungabi sesimweni sokusetshenziswa ngabantu. Sekwedlule iminyaka emibili ukulungiswa kwengqalasizinda okuhamba kancane kuqhubeka kuba nomthelela omubi kubantu kulo lonke idolobha. Le mithelala imandla ikakhulukazi kulabo ababanganakiwe. Kuzo zombili izingqinamba, omakhelwane kanye nezinhlangano zomphakathi baba ngabokuqala ukungenelela. Ukungabikho kokungenelela okudidiyelwe nguhulumeni wasekhaya kulezi nkinga kuveze obala ukuntuleka kokuhlela namandla okubhekana nezinhlekelele ezidalwa wukuguquka kwesimo sezulu edolobheni.

Isinyathelo esibaluleke kakhulu sikahulumeni wethu kufanele kube wukuvikela kanye nokunakekela abantu bakithi kanye nemvelo esithembele kuyo, ngokuqeda ukukhiqizwa kwamandla angavuseleleki kanye nokuqinisekisa ukuncishiswa kwekhabhoni okuyiyona ebamba

ukushisa. Noma yiziphi izenzo zokunciphisa imiphumela emibi yokuguquka kwesimo sezulu ngaphandle kokuphuthuma ukunciphisa izisi ezikhafulelwa emkhathini eziyingozi kanye nalokho okunokubeza umoya ngobuthi obuyingozi, kuyoqhubeka ukubekeka kwempilo yethu nendawo esihlala kuyo engozini. Sithatha lesi sinyathelo esiphuthumayo sikahulumeni njengesiphogoqelekile futhi okumele sisekele lolu Hlelo Lwabantu oluphakanyiswayo.

Uguquko Olunobulungiswa eNingizimu Afrika kufanele futhi lubandakanye ukuhlelwa kokubambisana okusekelwe yimigomo yobulungiswa bezemvelo ebhekana nokungalingani okungokomlando, ukucwaswa kanye nokungalingani edolobheni. Kungalesi sizathu lapho kwasungulwa khona umfelandawonye wezinhlangano zomphakathi eThekwini ngoMeyi ngowe-2022. I-Durban Coalition iyinhlanganisela ekhulayo yama-NGO, ama-CBO, izifundiswa zamanyuvesi, imibutho yezehlalo kanye nezinhlaka zomphakathi njengabakhokhi bentela nezinhlangano zabahlali kumasipala. Lo mfelandawonye ongahlangene nepolitiki uzibophezele ukusebenza ngokubambisana isikhathi eside. Umfelandawonye usebenza ngokuhlanganyela ukwakha inhlangano yomphakathi ebumbene, ebambe iqhaza nehlelekile eyenzelwe ukuqinisa izinhlaka zomphakathi emazingeni aphantsi. Le nhlangano iphinde ibambe izingxoxo ngendlela eyakhayo nezinhlaka zikahulumeni wasekhaya kanye nezinye ukuze kubhekwane nezindaba zobulungiswa bezehlalo nezemvelo. Lolu Hlelo Lwabantu lwazaleka ngomoya wokwesekana nokubambisana okuqinisa izinhlangano zomphakathi kanye nohulumeni wasekhaya.

Ukubhekana nokuguquka kwesimo sezulu kudinga ukuhlela okudidiyelwe nokuphelele kusetshenziswa izindlela zokubamba iqhaza kanye nentando yeningi. Njengamanje, Uhlelo lwethu Lwentuthuko Oludidiyelwe (IDP) lunesahluko esijwayelekile esiphathelene nezindlu esingahlanganisi noma yikuphi ukuhlelwa KweNguquko Enobulungiswa. Isahluko asisho lutho ngezikhukhula noma amazanga okushisa alokhu ekhuphuka kanye nemiphumela yalokhu yenzani mayelana nelungelo lokuba nezindlu edolobheni lethu. Isimo samanje

sezindlu kumasipala asisihle, sinenkinga yokungalethwa kwezidingo okusezingeni futhi sibeka izinkulungwane zabantu engcupheni yesigameko sezulu esibi. Ukubhekana nalokhu, ngowe-2023, i-Durban Coalition yaqala uhlelo lwenqubo yokubamba iqhaza kwemikhakha namazinga ahlukene akhona edolobheni. Inhloso bekwukusungula ngokuhlanganyela uhlelo lwentuthuko olusuka phansi luye phezulu, okwabelwana ngalo **iLungelo Lezindlu Ngesikhathi Sokuguquka Kwesimo Sezulu**. Uhlelo LwaBantu lungumphumela walolu hlelo olusuka phansi luye phezulu lokuhlanganisa izinhlelo zokubusa kanye nezinhlelo ezidingekayo ukuze kuvikelwe ilungelo labantu lokuthola izindlu esikhathini sokuguquka kwesimo sezulu. Lolu hlelo lunikeza enye indlela nomkhombandlela wokusebenza kukamasipala kanye nababambisene naye abayizishosho.

Lolu hlelo lwasungulwa ngokusebenzisa indlela yokubamba iqhaza yezinyanga eziyi-18, kuqalwa ngalokho abantu abakwaziyo ngezidingo zezindlu ezinhlobonhlobo edolobheni lonke. Lokhu abantu abanolwazi ngakho yimpilo yasemijondolo, impilo yababaleke emazweni abo abasedolobheni, impilo yasehostela nasezindlini zomphakathi ezingamafulethi, futhi kubandakanya nokuhungatheka kwabakhokhi bentela ezindaweni abasezingeni eliphakathi abahlala ezindaweni okwakungezabelungu. Isithasiselo A sikhombisa inqubo yokubamba iqhaza eklanywe yi-Durban Coalition ngoHlelo LwaBantu. Le nqubo yokubamba iqhaza inikeza indlela ewusizo komasipala ukuze baklame futhi bahlele isabelomali sokuhlala ikusasa kanye nabantu edolobheni.

2.0 UKWAMUKELA INDLELA ENTSHA YEZINDAWO ZOKUHLALA: UKUBUYEKEZWA KWE-IDP NGOWE-2025/2026

Emhlanganweni “wokulalela” wangoNovemba ngowe-2023 owawuhlose ukuqonda izinselelo ezivezwe yimibutho emazingeni aphantsi emele imijondolo kanye nabantu abahlala emafulethini abampofu, abahlali basemahostela, abakhoselisiwe, izinhlangano zabahlali, kanye

nezinhlangano zezemvelo nezinye izinhlangano zomphakathi, kuvele ukuvumelana okucacile:

- o Abantu abaningi kakhulu njengamanje baphila ezindaweni ezingahlanzekile, ezingaphephile nezingenasithunzi.
- o Isimo samanje sezindlu asilawuleki futhi asisimami.
- o Uhlelo lwamanje lukamasipala aluhambisani nobunjalo bezimpilo zabantu abampofu nabanganakiwe.
- o Kudingeka kakhulu uhlelo olusha—olusekeleke olwazini lwezidingo zabantu

Okuvela ohlelweni Lokuhlala KwaBantu kuvela isimemo esicacile sokuthi kube nendlela entsha yezindawo zokuhlalisa abantu. Uhlelo lwamanje lwe-IDP 3.4 “Intuthuko Entsha Edidiyelwe Yezindlu” inikeza ithuba eliyinqayizivele lokuhlanganisa le ndlela ngokusebenzisa Uhlelo Lomkhakha Wezezindlu (HSP) olusalungiswa njengamanje. Isimemo sokuthi bonke ababambe iqhaza ababandakanyekayo odabeni lwezindawo zokuhlala kumele bafakwe ekwenziweni kwe-HSP ebuyekeziwe, sinamandla futhi iningi liyasemukela.

Ngokususelwa ezingxoxweni nezinhlangano zomphakathi kanye nababambiqhaza ababalulekile kuze kube manje, imibono elandelayo kufanele ibe yisisekelo SoHlelo olusha Lomkhakha Wezindawo Zokuhlala/I-IDP Ebuyekeziwe:

1. Okokuqala nokubalulekile ukuthi Indlela Yamalungelo Esintu kufanele ibe ngumshayeli oyisisekelo we-HSP.
2. ABantu kufanele babekwe eqhulwini lokuhlala nokufeza, futhi okubaluleke kakhulu, kufanele babe nezwi ekwakhiweni, ekusetshenzisweni, ekuqapheni nasekuhloleni zonke izinhlelo zezindlu.
3. Imigomo eyisisekelo yazo zonke izinhlelo zezindlu kufanele isekelwe ekusungulweni kwezindawo zokuhlala ezihloniphekile, ezinempilo neziphaphile ezivumela ukuxhumana komphakathi nokuhlanganiswa kanye nokukhula komphakathi.
4. Izinga lempilo yabahlali baseThekwini lingathuthukiswa kakhulu ngokulungisa izinto eziyisisekelo. I-IDP ebuyekeziwe

izokwenza kahle, ngokwesibonelo, ukwazisa izinselelo zokusungula ukuhlinzekwa kwamanzi okuyisisekelo ezingxenyeni eziningi zedolobha, kanye nesidingo sokushesha uhlelo olusebenzayo lokuphatha impahla kamasipala oluqinisekisa ukulethwa kwezidingongqangi.

5. Ukwakhiwa kwezindawo zokuhlala ezingcono kumele kwaziswe njengento ebaluleke kakhulu kumasipala. Kuze kube manje, inani labasebenzi ngaphakathi koMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu kumele likhuliswe ngokushesha ukuze kuqaliswe izinhlelo zezindlu. Izikhundla ezingenamuntu kufanele zigcwaliswe ngochwepheshe abanolwazi abakwazi ukubhekana ngempumelelo nenkinga yezindlu.
6. Ziningi izinhlelo zikamasipala eziphusile ezikhona njengamanje (isib. Isu Lokusebenza Ngokuguquka Kwesimo Sezulu, 2020) nokho okuxakayo ukuthi lezi zinhlelo zokusebenza azenziwa. Ngenkathi Uhlelo Lokulethwa Kwezidingongqangi Nokusetshenziswa Kwesabelomali (i-SDBIP) lukhona, ngokusobala alusebenzi. Izizathu zokungaqaliswa kwezinhlelo nezisombululo ezakhiwe ukuze kuqinisekise ukuthi isinyathelo esiphuthumayo sokusebenza sidinga ukubhekisiswa. Lapha, kunekhwele elivuselelwe lokuthi izinhlangano zomphakathi kanye nezifundiswa zisebenzisane ndawonye njengabalingani, zakhe kabusha ukwethembana futhi zithathe isinyathelo sokuvuselela idolobha lethu.
7. Ukusiza kulokhu, kuphakanyiswa kakhulu ukuthi kunxuswe uMkhandlu Ophelele wenyuse izimali zokuthenga impahla kanye nesabelomali sokusebenza kwezindlu eminyakeni emithathu ezayo. Ukusilela emuva kwamanje kwendawo yokuhlala ehloniphekile akwamukelekile, futhi kudingeka ngokushesha izindlela ezintsha zokwandisa ukulethwa kwezidingongqangi okufanele okuhambisana nokwanda kokuzibophezela kwezezimali.
8. I-HSP kanye ne-IDP ebuyekeziwe kufanele igxile kakhulu ezindlini zomphakathi ezibekwe endaweni ekahle, ezithengekayo, ezimaphakathi nedolobha. Njengento ebaluleke kakhulu, lokhu kuzosiza ekubhekaneni nosizi lwabani ngi edolobheni.

9. Umbono wamanje ochaza izindlu eziqashisayo njengomthwalo kumasipala kufanele ushintshe. Ukuzibandakanya nemibutho yenhlalo ebandakanyeka kulo mkhakha kufanele kwenziwe ngokushesha ukuze kuhlenganiswe futhi kwenziwe kangcono ukungenelela nemiphakathi yamahostela / ama-CRU, kanye nabahlali abahlala kwamanye amayunithi aqashiswe nguhulumeni.
10. Kumele kuphele ukungaxhumani okuphakathi kokwakhiwa kwezindlu nezindlela zokulwa nokuguquka kwesimo sezulu. Izimpendulo ze-IDP ekubhekaneni nokuguquka kwesimo sezulu kanye nenkinga yezindlu zisezinhlelweni ezihlukile ngaphansi kwamayunithi ahlukene, anezabelomali ezihlukile kanye nokuziphendulela kubantu abahlukile. Sikholelwa ukuthi lokhu kugcina kubhebhezela ukungahlangani phakathi kwezindlela eziyizinyathelo ezithathwayo okuyizindlela "ezimnyama eziyingozi kwimvelo" nezindlela "eziluhlaza ezinobulungiswa kwimvelo".
11. Usikompilo olusha lokuhlola nokwenza izinto ezintsha kufanele lugxilise kumasipala, luvumele ukubhekana okunobuciko ngokwengeziwe kwizinselelo zezindawo zokuhlala.
12. Izinhlelo Ezintsha ezihlongozwayo ezichazwe ngezansi kulolu Hlelo Lwabantu kufanele zifakwe ku-IDP 2025/2026.

Ngemuva kwezixoxo zokuhlanganyela nezikhulu zikamasipala, izifundiswa nezinhlangano zomphakathi, kunezinhlelo ezine ezintsha eziphakanyiswayo ezizofakwa oHlelweni Lwezentuthuko Edidiyelwe lowe-2025/2026. Lokhu kufingqwe kwikhasi elilandelayo:



3.1 UHLELO LOKUQALA: IZINHLELO ZOMNYANGO KANYE NOHLAKA LOKUBUSA

I-IDP yamanje ehlongozwayo yowe-2024/2025 iyavumelana “nokuthi kudingeka indlela entsha efaka ukuqiniswa kakhulu kwengqalalasizinda yemijondolo, ngenxa yobunzima obukhona ekuhlinzekeni indawo yokuhlala (ikakhulukazi uma kubhekwa ubukhulu bezindawo zemijondolo) indlela ehlelekile kakhulu, ehambisanayo futhi edidiyelwe ngaphakathi kumasipala naphakathi kwemikhakha kahulumeni ukuze kube nezindawo zokuhlala okuhlaleka ngempela kuzo futhi ezisimeme”. Yize lokhu kubaluleke ngempela, uhlelo lokuqala olwengeziwe oluhlongozwayo ku-IDP yowe-2025/26 wukwakha kulolu hlaka lokubusa ngokubambisana ngokufaka abalingani ababalulekile abavela ezinhlanganweni

zomphakathi. Ukuze kwenziwe kangcono ukubusa, kuhlelwa amaphrojekthi amane ahlobene nezikhungo.

Iphrojekthi yoku-1 Ukusungulwa kweThimba Lokusebenza Elisezingeni Eliphezulu LikaMasipala Lokubhekana Nokuguquka Kwesimo Sezulu

Ngokomthetho omusha Wokuguquka Kwesimo Sezulu (17.1 kuya ku-17.5), umasipala ngamunye, ngaphansi kwemeya, kufanele akhe uhlelo lokubhekana nokuguquka kwesimo sezulu oluzosebenza lube yingxenywe ye-IDP efanele. Kodwa-ke, Umthetho Wokuguquka Kwesimo Sezulu unikeza inkombandlela engaphelele mayelana nendlela yokusebenza kwenqubo enjalo. Ngowe-2015, uMasipala waseThekwini waqala ukuxoxa ngeSu leTheku Lokuguquka

Kwesimo Sezulu (i-DCCS). Ngenxa yokuntuleka komdlandla wezikhungo, ngowe-2022, i-DCCS ebuyekeziwe yalungiswa. Isitatimendengomo salo hulumeni kwakungukuba” Abantu baseThekwini bazokwakha ngokubambisana ukuphatha, okuvumelana nezenhlalo, ezemvelo kanye nezomnotho kanye nokuqinisa ingqalasizinda ezomelana nokuguquka kwesimo sezulu ngenkathi befinyelela ekuqedeni nya izisi ezinobuthi ezikhafulwa ziye emoyeni ngowe-2050. Ngokwazi kwethu, le-DCCS isalokhu ingenazo izinsiza ezanele. Ukufaka isisindo esidingekayo kanye nezinsizakusebenza zokubhekana nesibopho esiphuthumayo sesimo sezulu, kunconywa ngokuqinile ukuthi uMasipala waseThekwini usungule iThimba Lokusebenza Lezinga Eliphezulu Lokubhekana Nokuguquka Kwesimo Sezulu. Leli thimba lokusebenza kufanele libandakanye ababambiqhaza ababalulekile abavela ezinhlangothini zomphakathi, kwezamabhizinisi nakwezemfundo, ososayensi bezesimo sezulu, iminyango kamasipala ebalulekile, kanye neminye imikhakha kahulumeni esebenza endaweni kamasipala wase-Thekwini. Lokhu kuzoletha amakhono athile okusebenza kanye nendlela yokubambisana enamandla emkhakheni wokuhlela kanye nokuqiniswa kwengqalasizinda ukubhekana nokuguquka kwesimo sezulu njengengxenywe ye-IDP. Leli qembu lokusebenza lizosungulwa yi-DCM: Yokuhlela Nokuthuthukiswa futhi lizobika ngqo kumphathidolobha. Ukuze leli thimba lizinze ezindabeni zokuhlela nokuqinisa ingqalasizinda esezivele zinomthelela kubabantu abahlala edolobheni, leli thimba lokusebenza lizohola imigudu yokusebenza echazwe oHlelweni Lwesibili loHlelo Lwabantu. Lezi zigaba zomsebenzi zifaka phakathi izisekelokusebenza kanye nemigomo emisha yokubhekana nesidingo sezakhiwo ezivikela ukushisa kanye nezikhukhula ngokusebenzisa izakhiwo ezifanele kanye nempahla yokwakha, kusetshenziswa izinhlaka zokuhlonza ukungavikeleki kanye nomonakalo nokulahlekelwa. Leli thimba lokusebenza liyoqinisekisa futhi ukuthi imiqulu efanele njengeSu Lokubhekana Nesimo Sezulu (elaligcine lakhiwe ngowe-2017 iyabuyekeswa ngokusebenzisa ucwaningo olusha kanye nokuqonda ngemithelela yesimo sezulu.

Ababili abamele leli thimba labasebenzi kumele babe ngababambe iqhaza ngenkuthalo kwiForamu Yezindawo Zokuhlaliswa kwaBantu Ezididiyelwe (Iphrojekthi yesi-2) echazwe ngezansi. Lokhu kuzoqinisekisa ukuthi okufundwe ngokubhekana nesimo sezulu kuyafakwa kule foramu ngendlela egculisayo futhi engashiya muntu ngaphandle. Ngaphezu kwalokho, iThimba Lokusebenza Lezinga Eliphezulu Lokuguquka Kwesimo Sezulu, ngokubambisana neForamu Yababambiqhaza Bezindawo Zokuhlaliswa kwaBantu Ezididiyelwe, lizohlonza futhi lwenze inhlolocwaningo Yokuchibiyela ukuqina kwengqalasizinda okuchazwe oHlelweni Lwesibili. Ukudala ukuxhumana okuqinile phakathi kwaleli thimba lokusebenza kanye neforamu yababambiqhaza abahlukene kusingatha usikompilo lokufunda nokwabelana ngolwazi kuwo wonke umphakathi mayelana nokuhlelwa kokubhekana nesimo sezulu. Lokhu kuxhumana kweseka ngenkuthalo futhi kukhulise ukufunda komasipala ezakhiweni zokuphatha zoMthetho Wokuguquka Kwesimo Sezulu kuyo yonke imikhakha emithathu kahulumeni, ekugcineni kufinyelele kwiKhomishini KaMongameli Yesimo Sezulu.

Iphrojekthi yesi-2 Ukusungulwa kweForamu Yababambiqhaza abehlukene Bezindawo Zokuhlaliswa kwaBantu Ezididiyelwe (IHS-MSF)

Kusukela ngowe-2015 zincane kakhulu izinhlelo zezindlu ze-IDP ezenziwe. Ngenxa yalokhu kusilela emuva kwezinhlelo, umasipala udinga indlela yezikhungo ecacile ehlanganisa bonke ababambiqhaza abamqoka abavela eminyangweni kamasipala, izinhlangano zomphakathi, kwezamabhizinisi, njll., ukuze bahole futhi balwele umgomo wokwakha nokuqinisekisa zindawo zokuhlala ezididiyelwe. Kuphakanyiswa ukuthi kusungulwe iForamu Yababambiqhaza Abehlukene Bezindawo Zokuhlala Ezididiyelwe. IForamu kufanele ihlanganise imikhakha emele ama-NGO, ama-CBO, imibutho yezenhlobo, abakhokhi bentela, izinyunyana, izinhlangano zabasebenzi ezingabhalisiwe, ososeshini babahlali, esekelwe ngamanyuvesi kanye nezinhlangano zocwaningo

ezizibophezele ekuthuthukiseni izindawo zokuhlala ezididiyelwe.

Ukuhlanganiswa kwemininingwane yendlela yokusebenza, ubulunga, nohlelo lokusebenza, kufanele kuholwe nguMnyango Wezindawo Zokuhlaliswa kwaBantu, kufakwe amakhansela eKomidi Lezindawo Zokuhlaliswa kwaBantu, futhi asekelwe yiHhovisi likaSomlomo. Kumele kubekwe eceleni isabelomali sokusebenza ukufeza imisebenzi nokubhekelela ezocwaningo kanye namaphrojekthi asahlongozwa. Isakhiwo esinjalo kufanele sihlizwelele ukwengamela ukuqaliswa kwazo zonke izinhlelo zezindawo zokuhlala ezididiyelwe, sisebenze njengomzila wokugqunguzela ukwabelana ngolwazi nokufunda phakathi kwabo bonke ababambiqhaza abasebenza kwezokwakha. Iforamu enjalo ingaphinda ihlole imithelela emisha kwezenhlalo kanye nokusebenzisana ngezindlela zokuthi abakhi abazimele banikele ekwakheni izindlu ezisezingeni eliphezulu kodwa ezibiza kancane njengengxenye entsha yokuletha intuthuko entsha komasipala. Okubalulekile ukuthi le foramu iyophinde futhi iletthe imibiko yokuqapha kanye nokuhlola emphakathini ekupheleni konyaka ngamunye ezinhlelweni ze-IDP ezihlobene nezindawo zokuhlala. Umsebenzi obalulekile wale foramu wukuqinisekisa ukuthi imiphakathi nayo iyazibandakanya nokuhlonza imininingwane ewulwazi ezindaweni lapho ihlala khona. Lokhu kuqinisekisa ukubamba iqhaza komphakathi nokuhlela okungcono okugxile ezidingweni zentuthuko yezindawo zokuhlala. Ukuqoqwa kwemininingwane ngumphakathi nokuyixhumanisa ibe wulwazi kungalekelela ekuhlelweni kokuphathwa kolwazi oluyiqiniso nolungasetsenziswa yiThimba Lokusebenza Elisezingeni Eliphezulu Ngokuguquka Kwesimo Sezulu.

Iphrojekthi yesi-3 Ukwakhiwa kohlelo olusebenza kahle lokweseka ukulawulwa kwezinhlekelele ezingeni lomphakathi

One of the key lessons highlighted during the Esinye sezifundo esisemqoka esabonakala ngesikhathi senhlekelele yezikhukhula ngo-Ephreli kowe-2022 kumasipala kwaba yisidingo semiphakathi ukuba ihambe phambili ekwesekeni

ukulawulwa kwezinhlekelele. Ngesikhathi sezinhlekelele ezibangelwa yisimo sezulu kanye neminye imiphumelo emibi kwimvelo, izinhlangano ezisebenzela uhulumeni zaze hluleka ukufinyelela emiphakathini ethintekile ngenxa yokulimala kwengqalasizinda yemigwaqo. Lokhu kusho ukuthi imiphakathi ngokwayo kuvamise ukuba yiyona esukumayo ibhekane nezimo, ngakho-ke idinga ukuhlonyiswa ukuze ikwazi ukulawula izinhlekelele zendawo yawo. Ukubhekana ngqo nodaba lokusabalaliswa kwendlela yokubhekana nezinhlekelele kudinga amalungiselelo anele egameni lemiphakathi kanye nohulumeni wasekhaya. Umasipala kumele ahole indlela yokusungula amaKomidi Ezinghlekelele Zendawo futhi awaxhumanise nekomidi eliqaphe ukusebenza kweminyango ngaphakathi emkhandlwini okhona. Ziningi izibonelo zezakhiwo ezingama-Community Development Foundations (CDF), isibonelo, iMerewent CDF, ezingasetshenziswa njengezikhungo zokufunda nokwenza kahle kweminye imiphakathi. UMasipala kumele enze umgubho wokufunda njalo ngonyaka ahlanganise amakomidi ezinghlekelele avela ezindaweni ezahlukene zikamasipala ukuqeqesha nokukhuthaza abafundi kanye nabahlali ukuba bazibandakanye ekuzihleleni ukuphepha emakhaya, ukuhlomisa abantu ukuhlinzekana ngokwesekana njengomakhelwane ngesikhathi sezinhlekelele.

Le phrojekthi iyobandakanya izinhlelo ezingi zokungenelela okufaka phakathi:

- o Ukuhlotshaniswa kokubanjwa kweqhaza okuholwa ngumphakathi kanye nokwakhiwa kohlu lwemiphakathi
- o Ukuqeqeshwa nokuhlonyiswa ngolwazi, okufaka phakathi ukwesekwa komphakathi okugxile oqeqeshweni olungabizi kodwa olunemiphumela njengokusebenzisa amabhakede esihlabathi esikhundleni sezicishamlilo, nokuba ngabokuqala endaweni ukuletha usizo lokubhekana nesimo okufaka phakathi ukwelulekana okumayelana nokuhlukumezeka
- o Ukulungiselela nokuhlela ukulawulwa kwezinhlekelele zomphakathi
- o Ukulungiswa kwamathuluzi agxilile okulawula izinhlekelele zomphakathi
- o Uqeqesho lwabaholi abathile bezinhlekelele

- zomphakathi abanikwe imisebenzi emqoka ngesikhathi kunezimo eziphuthumayo
- o Ukwakhiwa kwezinhlelo ezixwayisa umphakathi kusenesikhathi
 - o Ukukhulisa ulwazi lomphakathi wendawo
 - o Ukwakha uhlu lwamasonto, ama-mosque, amathempeli kanye nezikole ezivolontiya ukungenisa umphakathi ukuze uphephe ngesikhathi sezikhukhula kanye nezigameko zesimo sezulu
 - o Ukhlela ukuzijwayeza izimo eziphuthumayo nokuzibalekela
 - o Ukuqopha kanye nokwabelana ngezindlela zokwenza kahle
 - o Ukungenelela okusezingeni eliphezulu kwesikhathi esiphakathi nendawo, ngokubheka ezinye izindlela zokwenza izakhiwo ezingcono kanye nezindlu zesikhashana zabantu abazithola beswele indawo yokuhlala
 - o Ukufuna ukubambisana phakathi kwemiphakathi neminyango kahulumeni njengoMnyango Wezasekhaya ukusheshisa ukukhishwa kabusha kwemiqule ngemuva kwezinhlekelele
 - o Ukucwaninga ngezindlela ezinhle zokwenza ukuze kwenziwe kangcono ukuxhumana kwabantu abaningi

Iphrojekthi yesi-4 **Ukuhlomisa ngolwazi lokuxhumana okuhle phakathi kukamasipala nezinhlangano zomphakathi ukubhekana nezinselelo zezindawo zokuhlaliswa kwabantu ezibangelwe yisimo sezulu**

Isizathu salolu hlelo wukukhulisa amakhono, ulwazi lokwenza imisebenzi ethile (technical capacity), nokwandisa ulwazi lwalabo abayizinhlangano zomphakathi kanye nohulumeni wasekhaya ukuze bahlonyiswe ukubhekana nezinselelo zezindawo zokuhlaliswa kwabantu okudalwe yisimo sezulu.

UMasipala weTheku uyobambisana namanyuvesi angomakhelwane kanye nama-NGO angomakadebona ukuletha izinhlelo zokuqeqesha ezilungele abaqeqeshwayo ebaqeqesha ngolwazi olufanele lesi sikhathi nolusebenzisekayo. Lezi zifundo (amamojuli)

ziyoba nezihloko ezahlukene ezimqoka, zijulise ukuqonda ngolwazi oluyisisekelo ngokuguquka kwesimo sezulu; amalungelo okuba nendawo yokuhlala; uqeqesho oluyisisekelo ngemisebenzi ethile emayelana nokulawulwa kwamanzi ezimvula ezinkulu, isakhiwo sezindlu nezinhlelo zengqalasizinda; isakhiwo sendlu esezingeni lempilo; ukubamba iqhaza okufanele kanye nombuso; nokulawulwa kwezinhlekelele.

Labo okubhekiswe kubo uqeqesho bahlukene izigaba ezintathu. Abahlomuli bokuqala balolu qeqesho bazothathwa ezinhlanganweni zomphakathi ezivela kuwo wonke amaWadi, kubandakanywa ama-NGOs, ama-CBOs, ama-FBOs, bese kuba ngabasebenzi abathuthukisa umphakathi kanye nabaholi bendabuko. Amanye amamojuli akhethiwe ayofundiswa iziphathimandla zikaMasipala, zihlonjiswa ngolwazi ukuze zixhumane njengababambisene nemiphakathi. Abahlomuli besithathu ngamakhansela amaWadi kanye nalawo amele amaqembu akhethwa ngendlela ye-PR, laba bayohlomula kumamojuli ahlose ukuthasisela ohlelweni lokubafaka ku-SALGA, benikwa ulwazi lokulawula izinselelo zamanje zezindawo zokuhlaliswa kwabantu. Uqeqesho luyofaka phakathi izindawo eziphathelene nombuso, ukusimama, ukumelana nezimo kanye nokuguquka kwesimo sezulu. Esikhundleni sokuphindaphinda osekwenziwe, uhlelo luyofaka futhi lwakhele phezu koqeqesho olukhona olumayelana nokumelana nezimo olufundiswayo, isibonelo, yiqembu elibizwa ngokuthi yi-UCLG Learning Team.

3.2 UHLELO LWESIBILI: UKUQINISA UKUMELANA NESIMO SEZULU EZINDAWENI ZOKUHLALISWA KWABANTU

Njengabahlali nomakhelwana, ngokukhulu ukushesha sidinga uhulumeni wethu kamasipala ukuba usebenze nathi ukwakha izinhlelo ezifanele neziqoshwe phansi kanye namaforamu ezingxoxo. Ukubambisana kuyokwenza kutholakale izinsizakwenza ezidingekayo ukuqinisekisa ukuthi abantu, ukuphilisana kwakho konke okuphilayo nengqalasizinda

yedolobha ehlobene nezindawo zokuhlala kuvikeleke ngokwanele, kulungiselwe isimo, futhi kwabuye kwachibiyelwa ukumelana nemithelela yesimo sezulu. Nakuba bonke abantu abahlala edolobheni lethu bethola ukuhlukumezeka ngesimo sezulu kanye nokuntuleka kwezinhlelo zokulwa nemiphumela yaso, asiqinile ngokulinganayo kulezi ngozi. Labo abangcono ngokomnotho nangezinsiza zenhlalo yibona abavame ukubhekana kangcono nesimo sezulu kanti futhi basimama masisha ezehlakalweni ezisheshayo nezinzima zesimo sezulu.

Buningi ubufakazi obuqhamuka ezingxenyeni ezehlukene zomhlaba obukhomba ukuthi izingane yizona ezisengcupheni enkulu yezehlakalo ezimbi zesimo sezulu, futhi lokhu kubonakala kakhulu kwenzeka ezinganeni ezihlala emijondolo nakwezinye izakhiwo ezingekho esimweni esikahle. Umthelela wokushoda kokudla; ukulahlekelwa ngamakhaya kanye nabanakeleli; ukuvuza kwamanzi, indle ethuthwa ngamapayipi nokulimala kwengqalasizinda kagesi konke okuhlobene nokuguquka kwesimo sezulu kungaba nemithelela emibi ekuphileni kwemiqondo nasekukhuleni kwabasebancane. Ngokufanayo, ukuzithola sisezingeni okushisa esingakwazi ukuwabalekela kuholola kwimiphumela engemihle yempilo, zombili izinhlobo zezifo, lezo ezimsheshisayo umuntu (isib. Ubunzima obudalwa ukushisa kanye nonhlangothi odalwa wukushisa) kanye nezifo eziyizimbelambela (isib. Ukulimala kwezinsu, inhliziyu, umgudu wokuphefumula kanye nokuphathelene nengqondo). Abanye ababekeka engcupheni kubandakanya abadala, abesifazane abakhulelwe, labo abanezifo eziyizimbelambela, kanye nalabo abakhubazekile. Kulolo nalolo luHlelo Lwabantu, izingqinamba eziphathele nokungalingani zibhekiswe njengesimiso esinqala. Ngakho-ke kubalulekile ukuba kuwovonke lama phrojekthi, iso lobulungiswa bezemvelo liyasetshenziswa. Ukuze izindawo zokuhlala abantu ziphephe kulesi sikhathi sokuguquka kwesimo sezulu, labo abasengcupheni, abanganakiwe nabagqilazekile ngokwenhlalo nangokomnotho kumele bathole ukwesekwa nokuvikeleka okukhulu masinyane okumayelana nokuhlelwa nokuqiniswa kwezinhlelo zokubhekana nezimo ezinzima.

Amaphrojekthi abalwe lapha ngezansi ahlose ukuba kutholakale izinsizakwenza nokwenza okukhombisayo ukuthi abantu bazitholile izifundo, nokwakha izindlela zokuqinisa ingqalasizinda yedolobha lethu. La maphrojekthi abalulekile kulolu Hlelo olwakhiwayo iThekwini Municipality's Housing Sector Plan (HSP) 2024-2029, nokwenza ngcono iSu le-City-Wide Incremental Upgrading Strategy elaqalwa ngoJuni ngowe-2022. Amaphrojekthi abalwe lapha ngezansi ayakhombisa ukuthi kufanele zifakwe kanjani izindlu nezindawo zokuhlala njengengqalasizinda ebalulekile uma sekubuyekwezwa iSu elibizwa nge-Durban's Climate Change Strategy (2022).

Iphrojekthi yoku-1 Ukulungisa izimiso namazinga kwezindawo zokuhlaliswa kwabantu ezizokwazi ukumelana nesimo sezulu

Ngenxa yokuthi sesiyazi ukuthi mkhulu kangakanani umonakalo wezikhukhula kanye nezimo ezimbi zezulu ezinjengokukhuphuka kwamazinga okushisa, ngakho sidinga ukubuyekeza ngokujulile izisekelokusebenza namazinga apha thelelene nengqalasizinda yezindlu, yamanzi, yemfucuzo kanye nokuthuthwa kwendle. Kungumsebenzi kahulumeni ukuqinisekisa ukuthi ukwakhiwa kwezindlu ezintsha kuyahambisana nezinga eliphezulu elilindelekile, njengokusebenzisa impahla yokwakha engenawo umthelela omubi kwimvelo ukuze sivikele ukulimala okungaphinde kwenzeke kwimvelo; sisebenzisa amandla avuselelwayo ukonga amandla; futhi sakhe izakhiwo ezivikela izimo ezimbi zezulu ezingenzeka (izikhukhula, isivuvu sokushisa, izomiso), nezingamelana nokushisa okukhulu okubakhona ngezinyanga ezinokushisa. Izimiso namazinga amasha kudingeka masinyane ukuqinisekisa izindawo zokuhlaliswa kwabantu ezinengqalasizinda eqinile yesimo sezulu. Lokhu kuzobeka imigomo yokulandelwa yizo zonke izindlu ezintsha ezakhiwa nguhulumeni, kubekwe amazinga adingekayo ezakhiwo kwidolobhakazi ezingaphethwe nguhulumeni, kanti futhi kuzosiza ekucwaningeni amabhuku ezindawo zokuhlala ezakhiwe nguhulumeni ukudala amasu enele

okuqikelela, ukuqinisa nokulungisa kabusha ingqalasizinda (bheka iPhrojekthi yesi-2).

Kufanele kwakhiwe ithimba lokuthuthukisa iZimiso kanye Namazinga kulesi Sikhathi Sokuguquka Kwesimo SeZulu. Leli thimba kumele lakhiwe ngongoti abaphezulu bemikhakha evela kwezokwakha (abaklami bezakhiwo, abahleli kanye nabadwebi bezakhiwo zamadolobha), onjiniyela (bezindlu, bamanzi asesetshenziwe, bamanzi kanye nogesi), ososayensi ababhekene nokuphilisana kwemvelo, ososayensi bezenhlalo emadolobheni, ososayensi bezempilo ongoti bezifo eziphathelele nemvelo, kanye nabamele izinhlangano ezixile emphakathini, izinhlangano ezizimele, abakhokhi bentela kanye nososeshini babahlali. Ukubandakanya izinhlangano zomphakathi kuleli thimba kuqinisekisa ukuthi izimiso kanye namazinga amasha afanelekile futhi ahambisana nesimo sempilo yabantu phansi. Ukubandakanya lezi zinhlangano kusiza ukwedlulisela ulwazi namakhono ngaphakathi kwizinhlangano zemiphakathi kumkhakha wezezindlu ukuze kuqiniseke ukumelana nesimo sezulu, ukuhlela kwezindawo zokuhlaliswa kwabantu nokuqalisa ukusebenza.

Izimiso kanye namazinga ezindawo zokuhlaliswa kwabantu ngesikhathi sokuguquka kwesimo sezulu kumele kubhekelele lokhu okulandelayo:

Impahla yokwakha

- o Ukugwema ingcindezi enkulu emhlabeni wethu onemikhawulo ngokwezinqubo zokumba namakhemikhali, zonke izingqalasizinda zezindawo ezintsha zokuhlala kumele zisebenzise impahla yokwakha engalimazi imvelo.
- o Kudingeka indlela entsha yokwakha ukuqinisekisa ukuthi nakanjani impahla yokwakha iyakwazi ukumelana nezikhukhula (isibonelo, ngokwenza ngcono iziza eziqinile nezikwazi ukumelana nezikhukhula njll.), ukumelana nomswakama nesikhunta futhi kusetshenziswe izakhiwo ezintsha ezinezinto ezigcina indlu ipholile ehlobo futhi ifudumale ebusika ngaphandle kokumosha amandla kagesi.

- o Izindlu kumele zakhiwe ngendlela yokubheka uhlobo nesimo sendawo. Okwamanje, izindlu zama-RDP azikubheki lokhu, kodwa zakhiwa ngendlela efanayo zonke.

Ukudala ukusebenza okugculisayo endaweni kanye nokusabalalisa izidingongqangi

Ngemuva kwezikhukhula zowe-2022, imizi eminingi edolobheni yasala ingenawo amanzi nogesi, futhi yayingakwazi imigwaqo yokufinyelela ezindaweni ezithengisa ukudla nezinye izidingo. Esinye sezifundo esisithole ngemuva kwezikhukhula ezinkulu nokulimala kwengqalasizinda siphathelene nokuthi ohulumeni basekhaya bangakweseka kanjani ukwenza okugculisayo endaweni, ikakhulukazi ngokusabalalisa izidingongqangi nokwandisa ulwazi namakhono abahlali ezindaweni zokuhlala ezakhiwe nguhulumeni mayelana nokugcina kanye nokulungisa ingqalasizinda ebalulekile ezingeni lendawo. Izimiso kanye namazinga amasha kumele kubhekelele ukuthi izindawo ezinabantu abambalwa ziwuthola kanjani ugesi, amanzi nokudla uma zizithola zingakwazi ukuxhumana nabanye abantu ngenxa yomonakalo wezulu, kanjalo futhi nokuthi wakhiwa kanjani umoya wokwakhelana obizwa ngobuntu: ukuxhumanisa abantu kwimpilo yasemadolobheni. Phakathi kwezisombululo kunalezi zibonelo:

- o Ukusungula indawo lapho umphakathi unobinikazi bamandla avuselelekayo endaweni yokuhlaliswa kwabantu. Ama-mini-grid ahlelelwe futhi afakwa kahle ayasiza ukuthi kusheshe kube khona ukusizana ezindaweni ezinabantu abambalwa, abuyisele ngokushesha amandla elanga emakhaya ngemuva kwezinhlekelele.
- o Ukufuna izindlela ezintsha ezimayelana nokugcinwa kwamanzi emvula kanye nezinye izindlela eziphathelelele nokusabalalisa iziteshi zokuhlaza amanzi ngokusebenzisa amandla avuselelekayo ukuqinisekisa amanzi ahlanzekile okuphuza ngokwezinga lokuhlaliswa kwabantu.
- o Ukuhlonza izinhlelo zokusabalalisa ukulawulwa kwemfucuzo ezisebenza ngokuqeda ngemfucuzo nomnotho

ojikelezayo ngokwezinga lokuhlaliswa kwabantu. UHlelo lwaBantu lweseka ukuqedwa kwamandla angavuseleleki, akhiqiza kakhulu amaplastiki asetshenziswa kanye angcolisa imithombo yamanzi aphinde avale imigudu yokuhambisa amanzi, ngaleyo ndlela kwande izikhukhula. Izindawo zokuhlaliswa kwabantu zidinga izinhlelo zokuqeda ngemfucuzo ezigxile ezingeni lendawo kanjalo nengqalasisinda encane yabacoshi bokulahliwe ukuze bakhethe okugaywa kabusha, ziphinde zidinge ukwesekwa ukuze zikhiqize umquba ngemfucuzo yemifino ongabuyise usetshenziswe ezingadini zokudla zomphakathi. Ukweseka ukutshalwa kwezitshalo kanye nemithi endaweni kuyawuqinisa futhi umhlabathi ezikhukhuleni.

- o Ukucabanga ngokutholakala kokudla okwanele endaweni yokuhlala. Uhulumeni wasekhaya kumele akhuthale ngokusebenzisa uMnyango wamaPaki Nezokungcebeleka, ukweseka izingadi zokudla zomphakathi endaweni futhi ahlele ukuhlinzeka izindawo ezivulekile ezibekelwe ukulima ngaphakathi ezindaweni zokuhlaliswa kwabantu. Uhulumeni wasekhaya kumele aphinde ahlinzeke amathuluzi kanye nemisebenzi yokulima emadolobheni kuleyo miphakathi enganakiwe.
- o Ukucabanga ngezindawo zemisebenzi engabhalisiwe: ngaphezu kwama-20% wabasebenzi eNingizimu Afrika benza umsebenzi ongabhalisiwe, futhi siyakhuphuka isibalo. Ukuhlela ngendlela entsha ukufaka imisebenzi engabhalisiwe ngaphakathi kwezindawo eziklanyelwe amakhaya kukhuthaza ukusimama kwemisebenzi engabhalisiwe endaweni. Lezi makethe ezingalawulwa nguhulumeni zingasiza ukuhlangabeza izidingo zemiphakathi yazo eseduzane futhi ukuyeseka kungaphinde kuhlinzeke ngezinsiza zokusebenza ezidingekayo (izithuthi, ukulethwa kwamanzi, imisele yamanzi, amanzi okuphuza nokuhanjiswa kwendle, njll.) ngaphakathi emphakathini okungafinyeleli kuwo izimoto.
- o Ukwakha izindawo eziphephile, zokuzijabulisa nezihlanganisa abantu ngokwenhlalo, kubandakanya nezindawo zemidlalo (ukugijima, ukulula izinyawo nezindawo

zamabhayisikili, ukubala izibonelo) amapaki kanye nezindawo ezinotshani nezimbali. Ukugcinwa nokuvikelwa kwawo wonke amapaki kubalulekile ukusiza ukumunca amanzi ezikhukhula nokuhlinzeka izingane indawo epephile yokudlala nokukhula ngokomzimba.

Ukuhlela ukumelana nezikhukhula, ukushisa okweqile nengcindezi edalwa ukushisa

- o Ukukhishwa kwezindawo zokuhlala ze-RDP kwamanje akunayo inqubo yokwenza ngcono ukuphilisana kwemvelo, kuncane okwenziwayo ukubheka ukuthi ngabe amanzi ahamba kanjani ezindaweni zokuhlala ngesikhathi sezikhukhula. Kunokuntuleka kwamasu okutshalwa kwezihlahla zemvelo ukuze kwesekeleke umhlabathi nezindawo ezinezitshalo ezimbalwa ukuze zimunce amanzi angabangela izikhukhula. Ngaphezu kwalokho, kunobufakazi obuncane bohlelo lwamasu lokuhlaliswa kwabantu oluphelele olubheka iziqhingi zokushisa nemithelela yazo kubahlali basezindaweni ezisemadolobheni.
- o Kubalulekile ukuthi izimiso kanye namazinga okusha kucwaninge imibhalo ekhona njengamanje nezindlela zokwenza (njenge-Sponge City nezinye izinhlelo) bese kusetshenziswe lezi zifundo uma kushaywa umthetho nokuqalisa ukusebenza kohlelo oludidiyelwe lokulawulwa kwamanzi ezindaweni ezisemadolobheni nemiklamo ebhekelela ukuhamba kwamanzi kanye nokulawulwa kwamanzi ezikhukhula ziphinde zibe yinqubomgomo yokuhlaliswa kwabantu. Lokhu kubalulekile ukuqinisekisa ukuthi umkhandludolobha wethu uyamelana nobunzima bezikhukhula futhi uyakwazi ukumunca amanzi angadingekile ngezindlela ezinciphisa umonakalo kwingqalasisinda nakubantu.
- o Ukugcinwa nokunakekela izindawo zokuphilisana kwemvelo (izihlahla, izindawo ezinamanzi, izindawo ezinotshani ezivulekile nokunye) ezinciphisa izikhukhula kufanele zakheke, zenziwe zibaluleke futhi zenziwe umthetho ekuthuthukisweni kokuhlaliswa kwabantu. Izindawo zokuphilisana kwemvelo kufanele zivikelwe, zilungiswe futhi zibuyiselwe

esimweni sazo ngezindlela ezibandakanya nezifaka imiphakathi ukuze zibonakale njengengebo yomphakathi esivikelayo ezikhukhuleni nasekushiseni okukhulu.

- o Lzinhlalo zokupholisa zesifunda kufanele zibhekiswe ukuze kubhekwane nodaba lokushisa, ikakhulukazi emijondolo noma ezindaweni zokuhlala eziminyene. Uphahla okutshalwe kulo izitshalo nezinye izindlela zemvelo zokupholisa nazo kufanele zikulololelwe lokhu, ikakhulukazi ezindaweni eziminyene njengamaphakathi nedolobha, izindawo zokuhlala abantu asebekhulile ezixhaswe nguhulumeni, imijondolo, namahostela amakhulu.

Iphrojekthi yesi-2 Ukulungiswa kwezindlu ezakhiwe nguhulumeni ngokufakelwa izinto ebezingekho ukwenzela ukumelana nobunzima bezikhukhula nezinye izimo zezulu ezimbi ukuze kuthuthukiswe ulwazi

Sifunda kakhulu ngokwenza izinto ndawonye. Ukuze sibhekane nesimo sokwenza izinto ngokuphuthuma mayelana nezimpilo namakhaya abantu. UHlelo Lwabantu lumele ukuhlonzwa ngokushesha kwezindawo ezine zokuhlaliswa kwabantu ezisengcupheni enkulu yezikhukhula. Lezi zindawo zokuhlala kufanele zibe neyiyodwa kulezi zinhlobo zezindawo zokuhlala ngazinye: umjondolo, ihostela, indawo yokuhlala eqashisayo yesifundazwe noma kamasipala njengamanje, nendawo yokuhlala ye-RDP. Ngayinye yalezi zindawo zokuhlala izobhekana nokuhlala ngokubamba iqhaza okuhohlwa ngumasipala kanye nezakhamizi ukuze kuthuthukiswe bese kuqaliswa uHlelo lokuBekezelela Isimo seZulu. Lezi zindawo zokuhlaliswa kwabantu zizolungiswa esikhathini esiyiminyaka emibili ngokwezakhiwo nokuphilisana kwemvelo lapho ukuqinisekisa ukuthi abantu abanengi, izindawo zokuphilisana kwemvelo, nengqalasizinda kuphephile ngesikhathi sezehlakalo ezimbi zezulu. Lezi zindawo zokuhlala ucwaningo ngaphambi kokuthi luqaliswe ukusebenza ngokugcwele zizokwakha imiphakathi efundayo nephokophele okufanayo kanye nokuqapha nokuhlolola Ithimba Lezinga Eliphezulu Lokuguquka Kwesimo Sezulu. Futhi zizoba yizindawo ezibalulekile

zokukufundela iThimba Lentuthuko Yezimiso kanye Namazinga, lifunda ukuthi ukuhlela ukubhekana nezimo nempahla kusebenza kanjani. Lezi zindawo zocwaningo akumele nje zilungise indawo eyakhiwe kuphela, kumele zisingathe umqondo wokuthuthukisa izindawo ngokukhuthala. Lezi zindawo zocwaningo kufanele zakhe futhi zivikele ukuphilisana kwemvelo, ikakhulukazi ukusetshenziswa kwezindawo zezitshalo, izihlahla, izindawo ezinotshani nezindawo ezinamanzi, zenze kube yindawo esebenzisekayo negcwele impilo.

Iphrojekthi yesi-3 Ibalazwe lokuhlonza izidawo ezisengcupheni yokuguquka kwesimo sezulu ukuze kwakhiwe inkomba yokuthinteka kwizehlakalo ezahlukahulukene zezulu ezinzima eThekwini.

Le phrojekthi ifaka ukuhlanganiswa kweminingwane yendawo ekhona ngokuba sengcupheni yesimo sezulu, kanye nokwakha ibalazwe kwi-intanethi lokuba sengcupheni komphakathi weTheku, lokwejwayela isimo esithile nokumelana nobunzima elilandeleda izingozi, elihlinzeka izindlela ezifanele nezakhelwe ebufakazini ukuvikela nokwakha ukumelana nezimo, nelikhombisa inqubekelaphambili ekwengezeni izakhiwo ngendlela yasemadolobheni ukubhekana nesimo esibucayi sokuguquka kwezulu. Ibalazwe, izinsizakusebenza nenkomba yokuba sengcupheni kufanele kufakwe ulwazi lwakamuva ngokuhambisana neminingwane yakamuva ezimweni zezulu endaweni ethile ngesikhathi esithile, okufundiwe kwezinye izindawo, kanye nokuqhamuka nokusha okuphathelene nobuchwepheshe. Ukuhlonza nokuhlala okunamandla kungavumela futhi kugxile ekwesekeni indawo ukwenzela izinhlobo zokulahlekelwa nomonakalo kwangesikhathi esizayo (bheka Iphrojekthi yesi-4). Ukuwenza ibalazwe le intanethi elinolwazi lwakamuva nenkundla ye-intanethi ehlinzeka ngolwazi kuvumela lokhu okulandelayo:

- o Abahlali abazimele bangathatha izinyathelo ezifanele zokunciphisa nokwejwayelana nesimo esithile ngokwabo ukuvikela

amakhaya nemindeni yabo. Lokhu kukhulula umasipala ukuthi agxile ekwesekeni izinyathelo zokumelana nobunzima kwengqalasizinda ebalulekile, izindawo zokuphilisana kwemvelo okusengcupheni, izindawo ezisengcupheni, nemizi enganakiwe ngokwezomnotho.

- o Ohulumeni basekhaya, besifundazwe nakuzwelonke bangaxilisa izinhlelo zokwejwayela izimo ezithile nezokweseka ukumelana nobunzima ngokwendawo ukwenzela abantu abasengcupheni kakhulu edolobheni.
- o Izinhlangano zamazwe omhlaba nabanye abathintekayo bangahlonza izindawo zokweseka ukuhlelela ukubhekana nobunzima nezinhlelo.

Iphrojekthi yesi-4 Ukuqhamuka nesilinganiso sezindleko zokulahlekelwa nomonakalo saseThekwini ukwenzela ukweseka abantu bedolobha abanganakiwe nabasengcupheni kakhulu

Ukuhlelela, ukulungisa ingqalasizinda, nokuqalisa ukusebenzisa izindlela zokumelana nezimo ukuvikela amakhaya nengqalasizinda ephathelene nokuhlaliswa kwabantu kudinga izimali nezinsizakusebenza ezanele. Uma kuqashelwa izingxoxo zokulahlekelwa nomonakalo emazweni omhlaba, kanye nokufakwa kwezimali zezinhlekelele ezifakwa uhulumeni kuzwelonke, UHlelo Lwabantu ludinga ukuthi umasipala wethu uqhamuke nohlaka olucacile nolunzulu lokulahlekelwa nomonakalo nesilinganiso sezindleko zedolobha ukuze sifake izicelo zokukhokhelwa ngalokhu konakalelwa ngokushesha. Izimali eziphuma kulezi zicelo zokukhokhelwa ngokulahlekelwa nomonakalo kufanele ingxenye yazo isetshenziselwe ukweseka nokuqinisa izimpinda zangesikhathi esizayo zalolu hlobo lokuhlela okuyisu, ukwenziwa komthetho, nokuqalisa ukusebenza kwamaphrojekthi obulungiswa obuphathelene nokuguquka kwesimo sezulu njengalawo abalulwe kulolu hlelo. Uhlaka lokulahlekelwa nomonakalo kufanele lugxile ekutheni ngabe izimali kulezi zicelo zokukhokhelwa zizokweseka kanjani lokho okuseqhulwini ukwenzela abantu abanganakiwe abangenazo izindlela zokuvikela nokwakha

kabusha umhlaba wabo futhi babuye bathole impahla yabo ngomshwalense ozimele.

Iphrojekthi yesi-5 Ukusungula izinyathelo zokuvikela izindawo zokuhlala ezisengcupheni ngezinhlelo zokwexwayisa kusenesikhathi kanye nokuqapha ukuhamba kwamanzi ezitamukokweni nokususa imfucuza kuzo

I-IDP kufanele yenze isabelomali sezindleko zomsebenzi wansuku zonke **ukwenyusa izinga lezinhlelo ezikhona zokuxwayisa umphakathi kusenezikhathi** esezivele zikhombise ukuthi ziyakwazi ukusindisa izimpilo zabahlali basemijondolo ngezikhathi zezikhukhula. Uhlelo lokwexwayisa kusenesikhathi lwase-Quarry Road yisibonelo esihle kakhulu sokuthi amalungu omphakathi, iziphathimandla zikamasipala, nabacwaningi bamanyuvesi basebenza kanjani ndawonye ukunikeza amalungu omphakathi isexwayiso esanele ngezimvula eziqhamuka ngenhla nangendlela okume ngayo imifula. Lokhu kuvumela abahlali ukuthi basuke ezindlini ezakhiwe phansi eduze kwemifula ngaphambi kokuthi amanzi ezikhukhula afike emijondolo, lokho okusindisa izimpilo. Umasipala waseThekwini ubulokhu wethula lolu hlelo njengesibonelo sokwenza izinto ngendlela efanele, sekuze kwaba yiminyaka engaphezu kweyisishiyagalolunye lolu hlelo lwasungulwa, nokho lolu hlelo lokwexwayisa kusenesikhathi alukaze lubuye lwenziwe kweminye imiphakathi ehlala ezindaweni ezinamanzi noma eduze kwezindawo ezinamanzi. Kubalulekile ukuthi isabelomali nezindleko zemisebenzi yansuku zonke kwabelwe uhlelo olukhona lwase-Quarry Road. Onyakeni ozayo, lolu hlelo kufanele lutshalwe okungenani kweminye imiphakathi emithathu esengcupheni ukuze kuqalwe izinyathelo zokuvikela izikhukhula. Umphakathi wase-Quarry Road ungamenywa ukuthi ubambe iqhaza kuleli banga, unikwe amandla okuqeqesha amalungu omphakathi ezindaweni ezintsha.

Iphrojekthi yesibili encane yokuvikela enconyiwe **yiphrojekthi yokuqapha nokukhuculula ingqalasizinda yokuhambisa amanzi ezikhukhula nezitamkoko zendle.** Amadolobha amaningi emhlabeni jikelele ayawubona umthelela wamanzi ezikhukhula avimbekile nezitamukoko zamanzi angcolile ngezehlakalo zezikhukhula ezimbi kakhulu. Nakuba izimvula ezinkulu ezihlangene nomoya onamandla kuvame ukuthi kube yikho okuyinkinga, amaqabunga awile, udaka kanye nenye imfucuzo nakho kudala ukuthi kuvimbeke izitamukoko. Lokhu kuyinkinga enkulu ezindaweni lapho imfucuzo ingasuswa khona ezitamukokweni futhi zingagcinwa zisesimweni esifanele. Nokho, izitamukoko ezivalekile zingadalwa futhi noma isimo sazo sibe sibi ngenxa yezenzo zabahlali uqobo. Kuyancomeka ukuthi umasipala kube nguye ohola ukuqashwa kwamanzi ezikhukhula nangcolile nokuqwashisa ngokususa imfucuzo ezitamukokweni okuzobandakanya ukubeka eceleni isabelomali sokuqwashisa okuphathelene nokufundisa kanye nabaqaphi abavela emphakathini okumsebenzi wabo akukhona nje ukubika izinhlelo zokuhambisa amanzi avimbe emigwaqeni nje kuphela, kodwa futhi abazoqinisekisa ukuthi izitamukoko azinamfucuzo. Ngokomthetho, imfucuzo kufanele isiwe kumaphrojekthi omphakathi abuye ayisebenzise kabusha futhi aseka ukudidiyelwa kwabacoshi bemfucuzo ukugwema omunye umthwalo wokugcwala kakhulu kwemfucuzo ezindaweni lapho ilahlwa khona. Imininingwane yephrojekthi ingenziwa phakathi koPhiko Lwemfucuzo Eqinile (Solid Waste Unit) noPhiko Lokuhanjiswa Kwamanzi Aye Ngaphansi Komhlaba Nezobunjiniyela Obubhekelele Ezokwakha Ogwini (Drainage and Coastal Engineering Unit). Kuze kube manje, kuye kwaba nesimo lapho kusetshenziswa khona izindlela ezifanele zokwenza kwamabhizinisi azimele aqashe abaqaphi abanjalo, okuvula amathuba okusebenzisana endaweni phakathi komphakathi, amabhizinisi, nomasipala.

3.3 UHLELO LWESITHATHU: ABANTU ABANGENANDAWO NOKUHLALISWA KWABANTU EDOLOBHENI

Inhlangano Yamadolobha Ahlangene Nohulumeni Basekhaya (UCLG), uMasipala waseThekwini oyilungu layo (nosihlalo obambisene nosihlalo wamanje weKomidi Lokuhlelwa Kwezindawo Zasemadolobheni), ibilokhu ingumeseke onamandla wezindlela ezibandakanya wonke umuntu zokusingatha udaba lwabantu abasuka kwamanye amazwe, abakhoselisiwe nabangenandawo ekweywayeleni isimo sezulu sendawo. Sebekwamukele ukuthi noma ngabe kwenzeka ngokungabi nandawo noma ngokusuka kwamanye amazwe, imithelela yokuguquka kwesimo sezulu ivele isiyezwakala emhlabeni wonkana. Bagcizelela ukuthi yimizi ehola kancane noma ngabantu abahlwempu abasengcupheni kakhulu, futhi ababhekana nalezi zingozi ngaphandle kwezinto ezizobasiza ekuphunyukeni ezimweni zabo eziyingozi. Ingxenye ebalulekile Yohlelo Lwabantu ukufaka uhlelo olusha lwe-IDP esigabeni Sesahluko sesi-3 ukuze sisebenze kulokho i-UCLG efuna kwenzeke.

Kubalulekile ukubona ukuthi ngaphezu kwabantu abangenandawo ngenxa yezinhlekelele zokuguquka kwesimo sezulu, abantu ababalelwa ezi-16,000 balala kabuhlungu cishe usuku nosuku edolobheni lethu. Emizamweni yokuqinisekisa umbono wedolobha elinakekelayo nokuhlalekayo kulo, kubalulekile ukusheshisa uhlelo oluzonikela amandla alo nezinto eziwusizo kubantu abangenandawo. UHlelo Lwabantu lugxile kumaphrojekthi anjalo amathathu: (i) ukuthola indlela yokunciphisa ukulimala kubantu abangenamakhaya (ngemizamo yophiko i-City People (Abantu BeTheku)—okuyizimoto zomsebenzi okhethekile zaseThekwini); (ii) uhlelo lwalokho okufanele kwenziwe olucacile lokweseka abantu abakhoselisiwe nabasuka kwamanye amazwe ngendawo yokufihla ikhanda, kanye; (iii) nokuhlela indawo yokufihla ikhanda yesikhashana yalabo abangenandawo ngenxa yokuguquka kwesimo sezulu.

Iphrojekthi yoku-1 Indlela yokunciphisa ukulimala kubantu abangenamakhaya eThekwini

Indaba yokungabi nakhaya eThekwini inezinselelo ezehlukahlukene, okufaka abantu abaningi abahlangabezana nezinkinga zokwesweleka kwezindawo zokuhlala nokungabi nokufuduka. Izifundo zakamumva ziveze ubunzima balolu daba, zigcizelela ukuthi izinto eziphathelene nezomnotho, ukusetshenziswa kwezidakamizwa ngendlela engafanele, ukungqubuzana komphakathi, nezinselelo eziphathelene nendawo zihlangana kanjani ukwenza isimo sokungabi nakhaya sibe sibi kakhulu. Ucwango olwenziwa ngowe-2022 luveza izibalo ezishaqisayo: bangaphezu kwezi-16,000 abantu abangenamakhaya abasabalele iTheku lonke, iningi labo elingama-67% elibhekana nezimo ezinzima kakhulu zempilo yasemgwaqweni, ngesikhathi oyedwa wabo kwabathathu abasele befuna izindawo zokufihla amakhanda zesikhashana.

Umasipala ngokomlando uye walandela indlela yokubhekana nesimo sokungabi namakhaya kwabantu. Ubhubhane i-COVID-19 lwaba yisikhuthazi esibalulekile ebuholini bukamasipala ekwenzeni izinto ngokukhuthala, okuholela izwe ekusebenziseni indlela yokunciphisa ukulimala kokungabi nakhaya. Ngeshwa, umfutho owakhiwe awukwazanga ukusimama kanti nokusetshenziswana nabo abayizihlangano zomphakathi bafuna ukuthi kube khona okwenzekayo ngokushesha.

Umasipala kufanele ngokushesha uqhamuke nohlelo lwe-IDP olungemukelwa kwi-IDP yowe-2025/2026, futhi olubhekana nokunciphisa ukulimala kwabantu abangenamakhaya esikhathini esifushane, esiphakathi nendawo, neside. Umsebenzi okhona njengamanje kule ndawo ungakhiwa futhi ubuye uthuthukiswe futhi, njengoHlelo Lokwenza Izindawo Zokuhlala Olungamabanga ayi-10 olutholwa uphiko i-City People, phakathi kwabanye. Njengolunye uhlelo eSahlukweni sesi-3 sohlelo lwezindlu lwe-IDP, udaba lokungabi nakhaya luzothola izimali ezifanele nesabelomali semisebenzi yansuku zonke ukuze kubhekwane nalolu daba ngempumelelo.

Okukodwa kwezinto ezibalulekile eziphathelene neForamu Yababambiqhaza Abehlukene ehlongozwayo ohlelweni Lwezindlu Ezididiyelwe wudaba lwemiyalo kahulumeni wasekhaya ukubhekana nokungabi nakhaya kwabantu—njengamanje engaphansi kukahulumeni wesifundazwe sase-KZN. Uma kubhekwa ukuthi iTheku linesivumelwano phakathi kohlangothi kwalo nommeleli okuwuMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu Wesifundazwe, ukulethwa kwezindawo zokufihla ikhanda nengqalasinzida yokweseka (amashawa, izindlu zangasese, izindawo zokupheka, njll.) kwabantu abangenamakhaya kufanele kungene ngaphansi kwalo myalo. Uhlelo lukamasipala olwemukelwe lungenziwa lusebenze ngoHlelo lwe-IDP.

Kubalulekile ukuqaphela ukuthi sekuvele kukhona izifundo ezimiswe njengesibonelo ngabanye omasipala njengeKapa lapho, ngokunxena okuvela eZinhlanganweni Ezingekho Ngaphansi Kukahulumeni nezinhlangano zomphakathi, amaqhinga anobuhlakani okumelana nokuntuleka kwamakhaya kuqalile manje. Kuphakanyiswa ukuthi njengenxenye yokwabelana ngolwazi nokufunda kweqhaza Lesikhwama Sikamasipala Esibhekelela Abantu Abathintwe Yizinhlekelele, ukubambisana phakathi kwamadolobha mayelana nesimo sokungabi nakhaya kumele kusukunyelwe.

Iphrojekthi yesi-2 Ukweseka ukuhlaliswa kwabantu abakhoselisiwe nabasuka kwamanye amazwe

Ukubhekana nesicelo sezindlela ezibandakanya wonke umuntu zokusingatha udaba lwabantu abasuka kwamanye amazwe, abakhoselisiwe nabangenandawo ekwejwayeleni isimo sezulu sendawo, kubalulekile ukuthi uMasipala waseThekwini aqhamuke nohlelo olucacile mayelana nokweseka ukuhlaliswa kwabantu abakhoselisiwe nabasuka kwamanye amazwe. Kuze kube manje, kube nokuxoxisana okuncane noma akukaze kwenzeke phakathi kukamasipala nemiphakathi ekhoselisiwe. Nakuba kwemukelekile ukuthi lolu daba alungeni ngaphansi komyalo kahulumeni wasekhaya, umasipala kufanele abambe iqhaza lokusiza imiphakathi ethintekile, izinhlangano

zama-NGO, neminyango efanele kazwelonke neyesifundazwe.

Ngokwezinqubo zokuqala zokubonisana nama-NGO amele abantu abakhoselisiwe, ukuhlupheka kwabantu abakhoselisiwe nabasebenzi abavela kwamanye amazwe akubhekiwe ngendlela. Izimo abaphila ngaphansi kwazo maphakathi nedolobha zidinga ukubhekwa ngokushesha. Isimo sangempela sezakhiwo ezilawulwa ngomasitende abamba eqolo ngokuqashisa izindawo zokuhlala akubhekenwe naso, futhi kuzodingeka indlela entsha yokuxoxisana nalababantu ukuze kutholakale izixazululo ezifanele. Ngokunjalo, kufanele kwemukelwe ukuthi abantu abasebenza eminothweni engalawulwa nguhulumeni maphakathi nedolobha abahlali benamaphepha afanele, njengoba abaningi babo basuke bebaleke emazweni akhungethwe yizimpi. Ngaleyo ndlela, uhlelo olusha lokuhlaliswa kwabantu kufanele lulandele indlela egxile ezidingweni zabantu okuyiyona ebona lokhu. Uhlelo lokweseka ukuhlaliswa kwabantu oluzolandelwe kufanele lufake:

- o ukuhlinzeka indawo yokuhlala ephethwe kahle, ephephile, nemaphakathi nedolobha
- o ukwakhiwa kwendawo yokuhlala yabasanda kufika edolobheni yesikhashana, eshibhile, nephephile
- o inqubo yokuqala ukulungiswa ngokushesha kwamahhovisi angenamuntu maphakathi nedolobha ukwenzela ukuqashisa okushibhile

Kubalulekile ukuthi uhlelo lukamasipala lokulungisa imaphakathi nedolobha lubheke usizi lwabantu abakhoselisiwe nabanye abantu abangenandawo yokuhlala.

Iphrojekthi yesi-3 Ukuhlela (okwesikhashana) izindlela zokufihla amakhanda zalabo abangenandawo ngenxa yezinhlekelele

Ngo-Ephreli ngowe-2022 futhi nangoJuni ngowe-2024, ukuguquka kwesimo sezulu kudale izimo ezimbi zezulu ezabonakala oThongati naseMagwaveni, okwadala futhi umonakalo

omkhulu nokulahlekelwa yizimpilo zabantu okubuhlungu. Kuze kube manje, abahlali basemijondolo eMlazi nakwezinye izindawo basahlala ezindaweni zesikhashana kude nasemakhaya abo, okubeka indlela yabo yokuziphilisa engozini futhi okudala izinselelo eziphathelele nomphakathi. Lokhu sekudale ukuthi kube nesidingo sokuqhamuka nohlelo olucacile nolusebenzayo lokuhlinzeka izindawo zokufihla amakhanda zalabo abangenandawo ngenxa yezinhlekelele. Lolu hlelo kufanele lufake izinyathelo lapho abantu besekwa khona ukuthi babuyele emuva, uma kwenzeka, ezindlini nasemakhaya akhahlamezeka. Indawo yesikhashana yokufihla ikhanda kufanele ihlelwe kahle, futhi yeseke ezenhlalo nezengqondo ukwenzela abantu abazithola bengasenandawo. Lokhu kuyiqiniso ikakhulukazi ebantwaneni, njengoba bejwayele ukuphutha esikoleni isikhathi esiningi noma basiwe kwezinye izikole ezintsha eziseduze nezindawo zokufihla ikhanda. Kubalulekile ukuthi lolu hlelo lwenziwe ngemibono yabantu abaphelelwa yizindawo zokuhlala ngezikhukhula zika-Ephreli ngowe-2022, njengoba igalelo lalokho abahlangabezana nakho kuzoholela endleleni yokuhlela kangcono. Uhlelo kufanele futhi luqalwe neminyango efanele yesifundazwe saseKZN ebikade yeseka, futhi iholwe ngokuhlanganyela yiThimba Lokusingathwa Kwezinhlekelele eThekwini noPhiko Lokuhlaliswa Kwabantu.

3.4 UHLELO LWESINE: IZINDLELA ZIKAMASPALA ZOKWANDISA ILUNGelo LOMHLABA NELUNGelo LENDAWO YOKUHLALA EYANELE

Ukuqinisekiswa kwelungelo lendawo yokuhlala labantu abahlala eThekwini lincike emqondweni ophathelene nomphakathi nezomnotho, nasezinhlotsheni zezindawo zokuhlala lapho behlala khona. Ubunikazi bezindawo zokuhlala obuzimele kwesikhathi kuhlinzeka ilungelo lendawo yokuhlala eyanele, kokunye, ubunikazi bomhlaba kungaholela ekwephucweni umhlaba nekhaya. Emindenini eholo kancane naleyo

eyethembele ezinhlelweni zezehlakahle ukuthola ukudla nezindawo zokuhlala, ubunikazi bendawo bungaba ngumthwalo oholela ekwephucweni amakhaya. Imindeni eminingi ingakwazi ukuba ngabanikazi bezindawo zokuhlala ezindaweni ezisemadolobheni ngokwesekwa ngoxhaso lwamanzi, izintela ezikhokhelwa kwindawo yokuhlala, ugesi, nezinye izindlela eziphathelene nezenhlakahle. Lokhu kuyiqiniso kakhulu kubanikazi ezindaweni zokuhlaliswa komphakathi okwakungezikamasipala ebebekade bengabahlomuli oHlelweni Lomhlomulo Wesaphulelo, futhi okumanje abanezindawo zokuhlala ezinhlelweni Zezindawo Eziyingxenywe Yesakhiwo. Kubalulekile kakhulu kuhulumeni wasekhaya ukuqonda ukuthi ubunikazi bubodwa ngamatayitela akuyona yodwa into elandelwa kakhulu ngabantu ngelungelo lendawo yokuhlala. Uma kubhekwa ukungalingani okukhona edolobheni lethu, uhulumeni wasekhaya udinga ukuzibona njengolandela indlela yokucabanga ebandakanya izinhlobo ezehlukene ekutholeni ilungelo lendawo yokuhlala.

Iphrojekthi yoku-1 Ukucwaninga nokusungula inqubomgomo okuzonikeza ulwazi oluphathene nezindlela zokuthola ilungelo lendawo yokuhlala eqinisekisiwe edolobheni, futhi kufakwe uhlelo olunemininingwane eminingi ngezinye izinhlelo zelungelo lendawo yokuhlala oHlelweni Lomkhakha Wokuhlaliswa Kwabantu

Njengamanje akwenele ukuhlela ezingeni likahulumeni wasekhaya ezindleleni eziningi abantu abathola ngazo amalungelo endawo yokuhlala aqinisekisiwe ngezindlela ezingaphandle kobunikazi. Izindawo zokuhlala imiphakathi (amahostela) nezindawo zokuhlala ezisele zikamasipala zokuqashisa zingenywe yezindlela abahlali abathola ngazo ilungelo lendawo yokuhlala okufana nobunikazi. Uma kukhulunywa iqiniso laba bahlali bayiziqashi eziqasha izindlu embusweni, ngokubheka amalungelo aphaathelene nomthethosisekelo okuhlaliswa kuchaza ukuthi umbuso awukwazi ukuxosha iziqashi ngaphandle

kokuzihlinzeka ngenye indawo yokuhlala eqinisekisiwe. Njengamanje, ukunganakekelwa nokungagcinwa esimweni esifanele kwezindawo zokuhlala zikamasipala nokungezikahulumeni kubeka lezi ziqashi ezimweni ezimbi kakhulu. UHlelo Lwabantu lukhuthaza umasipala ukuthi ubheke ngokuphelele izindawo zokuhlaliswa kwabantu, lapho esebenzisa khona lezi zindawo zokuhlala ukusiza abahlali ngokuthi ukhuphule izinga lokuphila labantu bese enciphisa ukusetshenziswa kwezimali zombuso ekwelapheni izifo zengqondo, zomzimba, neziphathelene nomphakathi ezihambisana nokuhlala ezindaweni ezinganakiwe. Lapha sithola amathuba okuqala izinhlelo zokuqeqesha namakhono okuvumela abahlali basemahostela nezindawo zokuqashisa zikamasipala ukubamba iqhaza ekugcinweni kwezakhiwo nezindawo zemvelo kusesimweni kusuka ngaphakathi nasezindaweni eziseduzane nezindawo zabo zokuhlala.

Umasipala udinga ukwenza ucwaningo olubandakanya ukuqoqa nokuhlaziya emithonjeni eyehlukene ukuze kuhlolwe izindlela ezehlukene zamalungelo ezindawo zokuhlala abantu abanawo edolobheni lonkana nokuqonda ukuthi ngabe lokhu kungena kanjani endleleni yokuhlaliswa kwabantu edidiyelwe. Uhulumeni wasekhaya ovumela izimo uhlinzeka izindlela ezehlukene zabantu ezimweni eziphathelene nomphakathi nezomnotho ezehlukene ukwenza izimpilo zabo nezemindeni yabo ibe ngehloniphekile ngaphandle kwengozi yokukhishwa ezindaweni zokuhlala nokungabi namakhaya. Izinqubomgomo ezakhayo ezihlinzeka izinhlobo ezahlukene zelungelo lendawo yokuhlala eqinisekisiwe, okufaka indlela yokwenza yezindawo ezilawulwayo zokuqashisa, nokukwazi ukwedlula kulezi zimo njengoba izimo ziguquka, kuqinisekisa ukuthi abantu abaningi baqiniseke ngelungelo lokuhlaliswa futhi bakwazi ukuthola imihlomulo ephathelene nomphakathi nezomnotho ngendlela efanela kangcono izidingo zabo. Lolu cwanningo kufanele lusetshenziselwe ukwakha inqubomgomo yezinhlelo ezahlukene zelungelo lendawo yokuhlala eyanele eyeseka kangcono abantu abanganakiwe nabasengcupheni ukuqinisekisa iLungelo labo Lokuhlaliswa.

UHlelo Lomkhakha Lokuhlaliswa Kwabantu njengamanje olusakhiwe kufanele lubone futhi luhlole ezinye izindlela zokuthola ilungelo lokuhlaliswa edolobheni. Ukuhlinzeka izindlela ezahlukene zelungelo lokuhlaliswa kwabantu nemindeni eThekwini kwenza kube lula ukubhekana nezinguquko ezimweni ezithile ngaphakathi edolobheni. Ukwenza njalo, uHlelo Lomkhakha Lokuhlaliswa Kwabantu ludinga ukuqonda kahle imibhalo yamanje ekhombisa ukuthi ubunikazi bendawo bungaba umthwalo kanjani futhi nini nokuthi kuba yingozi nini elungelweni lomndeni lokuhlaliswa. Ucwangingo olwejwayelekile nolwezimiso nokusungulwa kwenqubomgomo ngaphansi kwalolu hlelo kuzoba usizo kulo mkhakha. Uhlobo nomqondo okwenzeka lokhu kuwo yizinto ezibalulekile ezikwazi ukuguquka ekuqondeni ukuthi ngabe ubunikazi bendawo kuyalinikeza yini ilungelo lokuhlaliswa noma cha esikhathini esiphakathi nendawo kuya kweside. Isibonelo, ubunikazi bendawo yokuhlala obuyingxenywe ezakhiweni ezihlala imindeni eholo kancane nabahlomuli bangesikhathi esingaphambili sokuhlaliswa ezindaweni zomphakathi kuvame ukubeka abanikazi engcupheni ngabanye noma ngokuhlanganyela. Ukungakwazi ukukhokha amalevi nentela yokukhokhela imisebenzi ehlinzekwa ngumasipala kungadala ukuthi isakhiwo noma indawo leyo yokuhlala ifakwe ngaphansi kohlelo lokusingathelwa izimali lokho osekungadala ukuthi izindawo zokuhlala zedluliselwe kwabathuthukisa izindawo zokuhlala abacebile abafisa ukusebenzisela umhlaba noma isakhiwo inzuzo. Kulezi zimo, izinhlelo zobunikazi zingaphendula izindawo zokuhlaliswa kwabantu zikamasipala zibe wuhlelo lokuthuthukiswa kwezindawo zokuhlala olunemali eningi emkhakheni ozimele. Le miphumela engemihle yezinhlelo zobunikazi kufanele igwenywe futhi ilungiswe lapho yenzeka khona.

Siyakweseka ukukhiswa Kwezitifiketi Zokuhlala zinikwe abantu abahlala isikhathi eside emijondolo nokwemukelwa futhi kwezindlu ezakhiwe emagcekeni ngemuva okwenzeka ngendlela efanele kungaholela ekuminyaneni kwezindawo zokuhlala ezindaweni ezisemadolobheni. Kuyasijabulisa ukubona ukuthi Izitifiketi Zokuhlala nokwemukelwa kwezindlu ezakhiwe emagcekeni ngemuva kufakiwe

ohlelweni Lwe-IDP olukhona njengamanje. Lezi zinhlelo zombili ezibalulekile zidinga izindlela zokuqalisa ukusebenza ngaphakathi oHlelweni Lomkhakha Lokuhlaliswa Kwabantu olubizwa nge-HSP olusungulwe nemiphakathi ethinteka ngqo. Ukubamba iqhaza kubalulekile kulezi zindlela ezisetshenziswayo zokweseka ukuze zikwazi ukubhekana nezidingo zabantu ngokwejwayelekile, nokuqinisekisa izingxoxo ezinenhlonipho phakathi kwemiphakathi nohulumeni wasekhaya okungenzeka ukuthi sizifundile futhi saqapha umphumela walezi zinhlelo. Ngalokhu, noma yimuphi umeluleki oqashiwe ukuthi asungule futhi alungise i-HSP kufanele anikeze umasipala uhlelo lokukhulumisana nokubamba iqhaza kwabantu abathintekayo (okufaka abahlali basemijondolo, emahostela, nezinye izindlela zokuhlaliswa komphakathi), futhi akhombise ukuthi ngabe ukubamba iqhaza nokukhulumisana okufanele kulwandisa kanjani ulwazi lwakamuva lwe-HSP. Ukuqhamuka nenqubomgomo evumela ukuguquka neyandisiwe yokuthola ilungelo lokuhlaliswa eThekwini kuzonciphisa isibalo sabantu abakhishwa ezindlini njengamanje okwenzeka emijondolo nasezindaweni zokuhlala ebeziqashisa ngaphambilini. Lokhu kukhishwa kwabantu ezindlini, yibona bobabili umasipala nabanikazi bomhlaba abazimele, kuvame ukuba nonya ngokuthi badicicela phansi hhayi nje amakhaya abantu kuphela kodwa futhi namaphepha abalulekile nempahla yabo, kushiye abahola impesheni nemindeni engcupheni enkulu kakhulu. Ukuzibophezela ngokuzinikela kwinqubomgomo enobuntu yelungelo lokuhlaliswa kwabantu endaweni eyanele nohlelo lokuqalisa ukusebenza kweseka abantu abakudingayo ukuze bafihle amakhanda ngale kokubheka izimo zabo eziphathelele nomphakathi nezomnotho.

Iphrojekthi yesi-2 **Cubungula ngokujula uhlale ngendlela ezimele mayelana nomhlaba kamasipala, kahulumeni wesifundazwe nokahulumeni kazwelonke ukwenzela yonke indawo kamasipala**

Nakuba le phrojekthi iyilokho okusinika ulwazi okubalulekile okwenza inqubomgomo yezindlela ezehlukene zokuthola ilungelo lokuhlaliswa endaweni eyanele, iwukungenelela okunesu okubalulekile okuvumela ukuhlala okuhlosiwe kwangesikhathi esizayo kokuhlaliswa kwabantu okusimeme. Ukwenza imifanekiso enembayo neneminingwane eyanele yazo zonke iziqephu zomhlaba ukuhlonza lezo eziwela ngaphansi kobunikazi bukahulumeni kungasiza ekuhlonzeni ukusetshenziswa komhlaba ngokwanele nokuhlala futhi ukukwazi ukuthuthukisa imijondolo nokunciphisa isimo sokuguquka kwesimo sezulu. Futhi iqinisekisa ukuthi izinqumo zibheka nokuhleleka kwezindawo okunomthelela kubantu kwezindawo zokuhlala ezikhona njengamanje zikamasipala.

Kubalulekile ukuthi ulwazi lwakamuva olutshengisa ubunikazi bomhlaba kamasipala, wesifundazwe kanye nokahulumeni kazwelonke olutholakalayo ngokuvulelekile kwi-intanethi. Lokhu kuqinisekisa ukuthi izinhlangano zomphakathi nezinhlangano ezigxile emiphakathini zingaxhumana kangcono nomasipala mayelana nokuhlelwa kwezindawo zasemadolobheni, ngamalungelo okusetshenziswa komhlaba nezinqumo. Ngenxa yoMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Oluphathelene Nomuntu, njengamanje uhlelo lwekhompyutha olugcina futhi lukhombise imininingwane ephathelene nesimo sengaphezulu lomhlaba olusetshenziswa kwi-intanethi aluvumeli umphakathi ukuthi ubone ubunikazi bomhlaba. Nokho, imininingwane emayelana nomhlaba kahulumeni kufanele ibe sobala futhi yaziwe ngumuntu wonke.

Iphrojekthi yesi-3 Yenza ucwaningo oluzoba yisifundo lobunikazi bomhlaba edolobheni sabahlali abangalawulwa nguhulumeni abavele sebehlelekile futhi abasebenza emiphakathini

UHlelo Lwabantu lubona ilungelo lokuhlaliswa endaweni eqinisekiwe ngale kwemingcele yobunikazi bomuntu ngamunye. Sidinga izifundo zokuhlala ezikhuthazayo ezihlola ukuthi ngabe ukweseka kukahulumeni wasekhaya ubunikazi bomhlaba obubandakanya

umphakathi kungayakha kanjani imiphakathi enempilo, ephephile, nemelelana nokuguquka kwesimo sezulu ngaphakathi ezindaweni zasemadolobheni eziminyene. Ukutholakala kokudla komphakathi nabantu abeseka ngokulima emhlabeni wasezindaweni zasemadolobheni kuvele kuyaqhubeka ezindaweni eziningi zasemadolobheni kwidolobha lonke, ndawo zombili emijondolo nasezindaweni zokuhlala zabantu abahola kancane, nasemihlabeni engalutho nasemapaki. Ukuthola ilungelo lokuhlaliswa endaweni eyanele yiqoqwana labantu abanezinhlangano zomphakathi ezikhona kungadala ukuthi kube nokumelelana okubalulekile nokuguquka kwesimo sezulu, kanye nokumelana nokwethuka okuphathelene nomphakathi nezomnotho. Ukuqhamuka nokweseka lezi ncwaningo zokuhlala zomphakathi kunikeza idolobha ithuba lokufunda nabantu, kuhlala ukuthi singawakha kanjani umsebenzi wokuhlanganisa uchungechunge nezindlela zokwenza ezilungiselela isikhathi esizayo esingaziwa ezingancikile ezimakethe zendawo yokuhlala nezentengiso, ngaleyo ndlela kugcinwe abantu bephephile futhi benokudla.

Iphrojekthi yesi-4 Ukuqala inkantolo yezindawo zokuhlalisa abantu besifazane nezingane, abantu abakhubazekile abephucwe imizi yabo

Ngesikhathi sokusungula lolu Hlelo Lwabantu, sezwa siphindelela ukuthi abantu besifazane, izingane nalabo abakhubazeke ngezindlela ezehlukene bavame kangakanani ukulahlekelwa amakhaya abo uma amatayitela ehlanganiswe nabantu asebekhethe ukuthi bangabeseki. Isimo sobulili sokuthi abantu besifazane nezingane basuswa kanjani emakhaya emindeneni yabo uma ikhanda lomuzi eliwumuntu wesilisa lishona noma libashiye lokhu kubabeka engcupheni enkulu. Umasipala kufanele aqale uphiko enkantolo yokuhlaliswa kwabantu oluzobhekelela ukusiza ezimweni ezisobala eziphathelene nobulili nezinye izinhlobo zokucwaseka, luqinisekise ukuthi laba bantu abasengozini besekeleka ngokushesha ekutheni bathole izindawo zokuhlala ezintsha. Le nkantolo yokuhlaliswa kwabantu akufanele yehlukanise phakathi kwalabo abayizakhamuzi

nalabo abangezona. Ukuba sengcupheni mayelana nobulili nezinye izindlela zokucwaseka, ikakhulukazi uma izingane zibandakanyeka, kufanele kubhekwane nakho ngokushesha.

4.0 UKWENZA UKUTHI UHLELO LWABANTU LWENZEKE: UKUQALISA UKUSEBENZA, UKUQAPHA, UKUHLOLA, NOKULAWULWA KOLWAZI

Okwehlukana uHlelo Lokuhlaliswa Kwabantu nezinye izinhlelo ukuthi aluqhutshwa nje kuphela ngokuyingqayizivele kusuka phansi kuya phezulu yizinhlangano zomphakathi jikelele futhi lwesekwe izikhungo zemfundo ephakeme nabanye ongoti bemikhakha yezobuchwepheshe, kodwa futhi lubandakanya ukusebenzisana ngokusondelana neziphathimandla zakwamasipala zokuhlaliswa kwabantu njengababambiqhaza emhlanganweni wokufundisana nabeluleki ukuqinisekisa ukuqaliswa kokusebena kalula.


Okubaluleke kakhulu, inqubo yonke yokubambisana yenzelwe ukufeza okuthile, (i) ngokuqinisekisa ukubuyekeza kwezinhlelo ezifanele eSahlukweni sesi-3 sohlelo lwe-IDP noHlelo Lomkhakha Lokuhlaliswa Kwabantu olufufusayo, kanye (ii) nokufakwa kwezinhlelo ezine ezintsha ezibalulwe ngenhla ohlelweni lwe-IDP. Ukufakwa ohlelweni lwe-IDP kuqinisekisa ukwabiwa kwezimali nokuqapha uHlelo Lokuhanjiswa Kwezidingo Emphakathini Nokuqaliswa Kokusebenza Kwesabelomali ngumasipala.

Njengoba kubonakala emfanekisweni wethu wehlathi Usinga Lwesalukazi, nokho, izinhlelo ezine ezintsha zizodinga okungaphezu kokuqashwa Kwezidingo Emphakathini Nokuqaliswa Kokusebenza Kwesabelomali. Manje sekucace kahle ukuthi ngaphandle kokubuyekeza nokuhlolwa ngokuqhubekayo kwezinhlelo ezihlose okungcono kakhulu, ingozi yokwehluleka ukuthi luqaliswe ukusebenza iyakhula kakhulu. Ngakho-ke kuphakanyiswa ukuthi uhlaka lokubuyekeza nokuhlola olulula kodwa olusebenza ngempumelelo lusungulwe

ukufaka izindlela ezisetshenziswayo zamanje njengoHlelo Lokuhanjiswa Kwezidingo Emphakathini Nokuqaliswa Kokusebenza Kwesabelomali, okuyithuluzi eliwusizo ukuqapha inqubekelaphambili njalo ezinyangeni ezintathu.

Kuphakanyiswa futhi nokuthi kusungulwe uhlaka olulula kodwa olusobala lokusingatha ukufunda nolwazi ukuze ukwenza izinto ngendlela efanele kube yingxenyengaphakathi kumasipala. Lokhu kuzovumela iTheku ukuthi liphinde futhi lihlinzeke izibonelo zokubusa ngendlela efanele kwamanye amadolobha ase-Afrika eseningizimu nawo asalwa nenselelo yezinhlekelele ezidalwa ukuguquka kwesimo sezulu nokuthi lokhu kunomthelela kanjani ekuhlalisweni kwabantu.


Okokugcina, uHlelo ludinga ukuthi ukuqala ukusetshenziswa izinhlelo ezingaphezu kukamasipala eyedwa. Ludinga ukusebenza kanzima kuyo yonke imikhakha kahulumeni, izinhlangano zomphakathi, abaholi bamabhizinisi, izinhlangano zokholo, amaqoqo abantu basemiphakathini, nabahlali basedolobheni. Ukuphila esimweni sokuguquka kwesimo sezulu kudinga wonke umuntu. Lolu hlelo lunikeza inkombandlela yesikhathi esifushane kuya kwesiphakathi nendawo esinethemba mayelana nokufanele kulungiselelwe futhi kuhlelelwe ngokubambisana, kuqinisekiswa ikusasa eliphophile nelifanele idolobha lethu. Luyikho kokubili umqulu onomqondo nocatshangiwe, kanye nokudingwa ngokushesha ukuthi kwenziwe. Hlanganyela nathi—sindawonye, singenza okungcono ukwenzela iLungelo Lokuhlaliswa Esikhathini Sokuguquka Kwesimo Sezulu.



THE DURBAN COALITION
Civil Society Working Together

Members:

Abahlali basemjondolo
Ubunye BamaHostela
groundWork
South Durban Community Environmental Alliance
Refugee Social Services
Project Empower
Poor Flat Dwellers Movement
South African Shack-Dwellers International Alliance
Active Citizen's Movement
Wentworth Development Forum
Wentworth Organisation of Women and Durban South Women in Business Association
The Denis Hurley Centre
Gandhi Development Trust
Phoenix Settlement Trust
Queensburgh Ratepayers Association
Springfield Disaster Management
New Dawn Park Residents Association
GOLDCo
#sharp ecosocialist collective
City People Ethekewini NPC
Freedoms South Africa NPO
Coming Home Organization
Bellair, Rossburgh and Sea View Ratepayers and Residents Organisation
Harinagar Residents Association
Asiye eTafuleni
Phoenix Civic Movement
Durban South Community Advice Centre
Support and Technical Advisory members:
Prof. Jeremy Ridl (Planning and Environmental Law in the School of Engineering - University of KwaZulu-Natal)
Dr. Sogen Moodley (Urban Planner)
Prof. Rajen Naidoo (Occupational and Environmental Health - University of KwaZulu-Natal)
Dr. Tamlynn Fleetwood (Monitoring and Evaluation Specialist - Durban University of Technology)
Pat Horn (Coordinator of collective bargaining in the informal economy, WIEGO - Women in Informal Employment: Globalising & Organising)
Thalia Erwin, Event Producer, Secretariat



**UHLELO
LWABANTU**
lwelungelo lokuba
NEZINDLU
ngesikhathi
**SOKUGUQUKA
KWESIMO
SEZULU**
2024